litasa

LITERACY ASSOCIATION OF SOUTH AFRICA

# INGQUNGQUTHELA YE-LITASA YAMA-21

**"Reading the Future, Ukufunda Ikusasa, Ho Bala Bokamoso: Ukufunda nokubhala okuletha inguquko kwezemfundo."**

4 - 6 KUMANDULO 2026
ESIKHUNGWENI SEZEMFUNDO EPHAKEME SASE-WITWATERSRAND, EGOLI

IMIHLANGANO YOKUFUNDISANA NGAPHAMBI KWENGQUNGQUTHELA
IZOBANJELWA E:
REGENESYS ISIKOLE SEZEMFUNDO

**Umuhla wokugcina wokuletha izifingqo: 15 kuNdasa 2026**

Thumela isifingqo ngokuvakashela ku: www.litasa.org.za/conference



# "Reading the Future, Ukufunda Ikusasa, Ho Bala Bokamoso: Ukufunda nokubhala okuletha inguquko kwezemfundo.

**Kubungazwa iminyaka engama-21 yocwaningo lokufunda nokubhala, ukusebenza, kanye nokukhuthaza.**

Ngaphezu kwamashumi amabili eminyaka, ingqungquthela yokufunda nokubhala iletha abafundisi ndawonye, abancwaningi, izishayamthetho, izinhlangano zomphakathi kanye nabakhuthazi bokufunda nokubhala, abazimisele ukubumba ukufunda nokubhala eNingizim' Afrika. Njengoba sibungaza ingqungquthela yeLITASA yeminyaka engamashumi amabili nanye, ikomiti yengqungquthela yonyaka we-2026 iyanimema ukuthi nibuyekeze indima edlalwa ukufunda nokubhala ekwakheni ikusasa elilinganayo, elinezilimi ezingingi ezahlukene, nelamukelekile emphakathini. Ikusasa lapho wonke amalungu omphakathi waseNingizimu Afrika ezokwazi ukuthola ulwazi, abambe iqhaza ngokugcwele esebenza ngokuphuthuma nangesizotha.

Kulesi sikhathi sezinselele ezivela kwimiphumela ka PIRLS, ukukhula kokungalingani, nokuphuthumayo kobuhlakani bokuzenzela (AI-technologies), kanye noshitsho kwezokukhuluma namasiko, ukufunda nokubhala kuhlala kuyisikhali esibalulekile sokuletha inguquko. Ingqikithi yengqungquthela yalo nyaka "Reading the future, ukufunda ikusasa, hobala Bokamoso" indlalela ukufunda nokubhala ngezilimi ezahlukene, izinsiza kufundisa ezihlanganisa okwasekhaya nokwasesikoleni, okwenzeka emiphakathini eseduze namathuba emhlabeni jikelele, Ukufunda okuyisisekelo kanye nemfundo ephakeme.

Simema abafisa ukufaka isandla ngemisebenzi yocwaningo eseqophelweni eliphezulu, ngokwenziwa egunjini lokufundela, umsebenzi owenziwa emphakathini, nezinhlahlandlela zenqubomugomo ehambisana nokusetshenziswa kwezilimi ezahlakune, ukuthuthukiswa kwezokufunda nokubhala empilweni kanye nemfundo kule lizwe eliguquguqukayo.

## Ukufunda nokubhala okuletha inguquko: ukuhambisana nezwe eliguquguqukayo

- Ukufunda nokubhala kwezemfundo kungongeza kanjani ukulingananokubamba iqhaza kwemiphakathi?
- Izindlela zokufundisa nezobucwepheshe oluseqophelweni eliphezulu zingalekela kanjani kwizinsele ezibhekene nokufunda nokubhala okusafufusa?
- Ukubhala nokufunda kubukeka kanjani kulesi sikhathi sobuhlakani bokuzenzela (AI)
- Ukufunda nokubhala kungakuseka kanjani ukucabanga okujulile nokuhlaziyekile, ukuzibandakanya komphakathi kanye nokwenziwa kwezamasiko ngokwentando yeningi?
- Ukubambisana okusemthethweni, ukucelwa kwezimali ngendlela eseqopheleni eliphezulu, ukuqapha ngenhloso yokubona inqubekela phambili kanye nokuhlola okuyimpumelelo kungasekela kanjani izinzuzo ezinomthelela omuhle othatha isikhathi eside kwezokufunda nokubhala?
- Sizokuqinisekisa kanjani ukusimama isikhathi eside kwezindlela zokufunda nokubhala?

## Izisekelo zekusasa: Ukufunda nokubhala eminyakeni ephansi

- Siwaqinisekisa kanjani amamodeli okufunda nokubhala esimeme? Izisekelo zekusasa: Ukufunda nokubhala eminyakeni yokuqala
- Izisekelo eziqinile zokufunda nokubhala ziyakha kanjani imiphumela yokufunda yesikhathi eside?
- Imaphi amasu asekela kangcono ukuthuthukiswa kokukwazi ukufunda nokubhala eminyakeni yokuqala? Izilimi zasekhaya nolwazi lwamasiko lungadidiyelwa kanjani ngendlela ephusile ekufundiseni ukufunda nokubhala?
- Ukubambisana okusemthethweni kuhlanganisa nezinkundla zokuxhumana, kungakuqinisa kanjani ukufunda nokubhala kwezingane ezincane?

## Indlela ukufunda obekwezeka ngayo eminyakeni: Izinguquko nenqubekela phambili

- Athuthuka kanjani amakhono okufunda nokubhala njengoba abafundi beqhubekela phambili ezikole?
- Yiziphi izinhlelo ezijulisa zithuthukise ukufunda nokubhala ngemuva kokufunda esigabeni esiyisisekelo?
- Izikole zingayiqinisekisa kanjani inqubekela phambili ekufundiseni ukufunda, ukubhala nokuhlolwa kuwo wonke amabanga?
- Ukushintsa kolimi lokufundisa kunamthelela muni ekuthuthukisweni kolwazi lokufunda nokubhala?

**Amakhono okufunda nokubhala kumazinga aphakeme ezemfundo: Ukufinyeleleka, Ukulingana kanye nobulungiswa ekusetshenzisweni kolimi lwendabuko.**

- Amanyuvesi ayilungiselela kanjani ingqondo ekhaliphile yokukwazi ukufunda nokubhala izifundo ezahlukene, ezizindeni nasezimweni zezilimi ezihlukene?
- Bubukeka bunjani ubulungiswa ekusetshenzisweni kwezindlela zokufundisa ukufunda nokubhala?
- Zingabanika kanjani umfutho izindlela zokungenelela ngenhloso yokusiza esikhundleni sokulungisa ngokuvala izikhala?
- Izikhungo zemfundo ephakeme zisabela kanjani ezinseleleni ezilethwa yi-AI, amathuluzi okubhala ngedijithali, kanye noshintsho lwezidingo zokufunda nokubhala?

**Ukucabangisisa ngokuhlolwa: Ukuhlola ukufunda ngokuqondisisa ngendlela elinganayo**

- Ukuhlola kungakuqinisa kanjani ukuthuthukiswa kokukwazi ukufunda nokubhala ezimweni zezilimi eziningi?
- Ukuhlola kwasendlini yokufundela, kwasesikole, kukazwelonke, kanye nokomhlaba wonke kukubumba kanjani ukufundisa ukufunda nokubhala?
- Yimiphi imiklamo yokuhlola eqinisekisa uthando lwezilimi eziningi ezahlukahlukene nokusetshenziswa kwezindlela zokuhlola ezi xubile ezifaka nobuchwepheshe?
- Othisha bangayisebenzisa kanjani idatha noma imiphumela yokuhlola ukuze baqondise ngehloso yokuthuthukisa ukufunda nokufundisa kanye nokuhlelwa kwekharikhulamu?

**Ukubuka emuva ukuze kushintshwe, kulungiswe ikusasa: Ukufunda nokubhala okwenzeka ngaphandle kwendlu yokufundela**

- Ingabe ukufunda nokubhala kuchuma/kwande kanjani emiphakathini, emindenini, emisebenzini nasezindaweni ezigcina ziphinde zithuthukise amasiko?
- Izindawo ezifana nemitapo yolwazi, izinhlangano ekungezona ezikahulumeni futhi ezingenzi inzuzo (NGOs) kanye namamaqembu emiphakathi kuwandisa kanjani amathuba okufinyelela ezikhungweni ezithuthukisa ukufunda nokubhala.
- Yikuphi ukufunda okusha okuvela lapho intsha isebenzisa ubuchwepheshe ekuxhumaneni, kwezenhlalo nasezindaweni ezigcina ziphinde zithuthukise amasiko?

## Imininingwane yokuletha

**Ulimi lokuletha:**

- Samukela ukulethwa nezethulo ngazo zonke izilimi eziyishumi nambili ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Sicela ubonise ulimi lwakho lwesethulo oluncamelayo lapho uthumela.

**Izigaba zezethulo:**

- **Amaphepha angadwana** - Isethulo esiyimizuzu eyishumi nanhlanu | Imizuzu eyishumi yokuzibandakanya
- **Izethulo zabasebenzi** - Isethulo esiyimizuzu eyishumi nanhlanu | Imizuzu eyishumi yokuzibandakanya
- **Izinkundla zokucobelelana ngolwazi** - Izinkundla zokucobelelana ngolwazi | Ihora elilodwa
- **Isethulo sephosta** - Ikhangiswa ekuqaleni ize iphele ingqungquthela
- **Izingxoxo zephaneli** - Ihora elilodwa | Izikhulumi ezintathu kuya kwezinhlanu.
- **Umbukiso wephrojekthi yomphakathi** - Isethulo esiyimizuzu eyishumi nanhlanu | Imizuzu eyishumi yokuzibandakanya
- **Imibukiso yezindlela ezintsha zokufunda nokubhala nezingahlukahlukana ngokwezinzwa.** - Isethulo esiyimizuzu eyishumi nanhlanu | Imizuzu eyishumi yokuzibandakanya

**UBUDE:**

Izifingqo zamaphepha ocwaningo, izethulo zabasebenzi, Izinkundla zokucobelelana ngolwazi, amaphosta, imibukiso yamaphrojekhthi omphakathi kanye nemibukiso yezindlela ezintsha zokufunda nokubhala nezingahlukahlukana ngokwezinzwa akufanele zedlule amagama angamakhulu amabili (200 words), futhi zingabi nokucashuniwe. Izifingqo zamaphepha ocwaningo zengxoxiswano yephaneli zingadluli emagameni angamakhulu amathathu namashumi ayisihlanu (350) sekuhlangene nemininingwane yababambiqhaza kuphaneli.

**USUKU LOKULETHWA KWEZIFINYEZO ZAMAPHEPHA OCWANINGO 15 MARCH/KUNDASA 2026**

**Hlanganyela nathi njengoba sizindla, siphonsa inselelo, sicabanga kabusha, futhi sigubha ikusasa lokufunda nokubhala ngezilimi eziningi eNingizimu Afrika nangale kwayo.**

# 2026 Conference FAQ

litasa
LITERACY ASSOCIATION
OF SOUTH AFRICA

**Q** Ubani ofanele ukuthumela i-abstract?

**A** I-Literacy Association of South Africa yamukela ukuthunyelwa kwama-abstract kubantu abaningiahlukene kanye nezinhlangano ezisebenza emkhakheni wokufunda nokubhala, imfundo, ucwaningo, kanye nokuthuthukiswa komphakathi.

**Q** Yimaphi amaqembu abantu akhuthazwa ukuthi athumele ama-abstract?

**A** Ukuthunyelwa kwamukelekile kulaba:

- Abacwaningi baseyunivesithi kanye nezifundiswa
- Abafundi abenza iziqu eziphakeme (Honours, Masters, ne-PhD)
- Abaqeqeshi bothisha kanye nabafundisi
- Abasebenzi be-Early Childhood Development (ECD)
- Othisha be-Foundation Phase
- Othisha be-Intermediate kanye ne-Senior Phase
- Ochwepheshe bokufunda nokubhala kanye nabaqeqeshi bolwazi lokufunda
- Osonhlolokhulu bezincwadi (librarians) besikole kanye nomphakathi
- Abasebenzi be-NGO nezinhlangano ezingenzi nzuzo
- Abaqondisi bezinhlelo zokufunda emphakathini kanye nabahola amaqembu okufunda
- Abakhi benqubomgomo yezemfundo kanye nezikhulu zikahulumeni
- Abathuthukisi bekharikhulamu kanye nochwepheshe bokuhlola
- Abasebenzi bokweseka abafundi emfundweni ephakeme
- Abasebenzi be-writing centre kanye nabafundisi abasizayo
- Ochwepheshe bezobuchwepheshe bezemfundo kanye nabathuthukisi be-EdTech
- Abacwaningi be-AI kanye nolwazi lokufunda ngedijithali
- Izinhlangano zomphakathi eziqhuba izinhlelo zokufunda nokubhala
- Abakhuthazi bezilimi zomdabu kanye nemfundo yolimi lwasekhaya
- Ochwepheshe bolwazi lwamasiko nabaxoxi bezindaba
- Abaqeqeshi bokufunda nokubhala emsebenzini
- Abaqondisi bezinhlelo zokufunda emindenini
- Abashicileli bezincwadi kanye nabathuthukisi bezinhlelo zokufunda

**Q** Ingabe kumele ngibe ngumcwaningi ukuze ngithumele i-abstract?

**A** Cha. Ingqungquthela yamukela kokubili izethulo ezisekelwe ocwaningweni kanye nalezo ezisekelwe emsebenzini wangempela (practice), kuhlanganisa othisha, abasebenzi bomphakathi, kanye nezinhlangano ezisebenza emkhakheni wokufunda nokubhala.

**Q** Ngabe izethulo zingenziwa ngezinye izilimi ngaphandle kwesiNgisi?

**A** Yebo. Ukuthunyelwa kanye nezethulo kwamukelekile kuzo zonke izilimi ezingu-12 ezisemthethweni eNingizimu Afrika. Abathumeli kufanele bakhombise ulimi abaluthandayo lapho bethumela i-abstract.